PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ISICELO SOKUPHAKANYISWA KWAMAGAMA

OKUZOKHETHWA KUWO AMALUNGU AMATHATHU EBHODI YESIKHUNGO SOKUTHUTHUKISWA KWEMITHOMBO YEZINDABA NGOKWEHLUKANA KWAYO (I-MDDA)

Kumenywa izikhungo kanye/noma abantu ukuthi baphakamise amagama abantu abathathu abazongena ezikhundleni zamalungu angekho ophikweni lweziphathimandla eBhodini yesiKhungo sokuThuthukiswa kweMithombo yeziNdaba ngokweHlukana kwayo, ngokwesigaba sesi-4 soMthetho wesiKhungo sokuThuthukiswa kweMithombo yeziNdaba ngokweHlukana kwayo, yowezi-2002 (uMthetho nombolo 14 yowezi-2002).

IsiKhungo sokuThuthukiswa kweMithombo yeziNdaba ngokweHlukana kwayo sasungulelwa ukuthi "imiphakathi eyancisheka amathuba kanye nabantu abangahlinzekelwa ngokwanele abezindaba" bakwazi ukuba nendlela yokuthola izindaba. Abazohlomula abezindaba bomphakathi kanye namabhizinisi amancane abezindaba.

Ilungu leBhodi kuzoba:

- Ngumuntu ozibophezele ebulungisweni, ukukhuluma ngenkululeko, ekuvulelekeni nasekuziphenduleleni
- Uzomela ibhodi kuwo wonke umphakathi weRiphabhlikhi futhi kube ukuthi unezicucu ezifanele zemfundo, ikhono nesipiliyoni emikhakheni, efana nalena kweminye:
- Abezindaba zomphakathi;
- Izindaba zomphakathi;
- ezemisebenzi nentuthuko;
- Ezomnotho kwabezindaba, ukuphathwa kwezimali kanye nokulekelelwa ngezimali;
- Ukukhangisa kanye nokuthengisa;
- Ubuntatheli nokuhlelwa kokusakaza;
- Ucwaningo kwabezindaba;
- Ukuqeqeshwa kwabezindaba;
- ukwazi ukufunda nokubhala nezemfundo;
- Umthetho wabezindaba;
- Inqubomgomo yolwazi nobuchwepheshe bezokuxhumana;
- noma imaphi amanye amakhono noma izicucu zemfundo ezihambisana nalokhu.
- Abaphakanyisiwe kumele kube yizakhamizi zaseNingizimu Afrika ezihlala ngokugcwele kuRiphabhlikhi.

Abaphakanyisiwe ababhalwe phansi kumele kube negama eliphelele kanye nekheli lesikhungo kanye/noma lomuntu ophakamisa igama, incwadi esayindiwe yilowo ophakanyisiwe evuma ukuphakanyiswa kwakhe kanye ne-CV, enaleminingwane elandelayo:

- Igama eliphelele, Inombolo kamazisi kanye nobulili
- Ikheli lokuxhumana, Inombolo yocingo neyefeksi, ikheli le-imeyili
- Isipiliyoni onaso (ucaphune usuku nenhlangano ethintekayo)
- Amakhophi anesigxivizo esiqinisekisayo ezicucu zemfundo kanye nomazisi.

Amagama abaphakanyisiwe nemibuzo kumele kuthunyelwe kuNobhala weKomidi lwezokuXhumana (Ku: **Mnu Thembinkosi Ngoma**, Portfolio Committee on Communications, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8000 noma kuthunyelwe nge-imeyili kuleli kheli **tngoma@parliament.gov.za** noma ngefeksi kule nombolo **0865225740**. Imibuzo ngocingo ingabhekiswa kule nombolo **(021) 403 3733** noma kule **0837098407.**

Usuku lokugcina lwamagama abaphakanyisiwe: nguLwesihlanu, mhla zingama-30 kuNhlangulana wezi-2017 ngehora lesi-16h00 ntambama.

Sicela niqaphele ukuthi abaphakanyisiwe kuzofanele kuhlolwe izicucu zabo zemfundo kubhekwe nokuphepha. Izethulo zamagama ezithunyelwe emva kwesikhathi angeke zemukelwe. Asebake bafaka izicelo asikho isidingo sokuthi bafake izicelo kabusha.

Ikhishwe nguMnu Humphrey Maxegwana, iLungu lePhalamende: uSihlalo, weKomidi lezokuXhumana kusiShayamthetho sikaZwelonke.

Parliament. Making Democracy Work

www.parliament.gov.za